NATIONAL TREASURY

## Umkhombandlela...

# Ngesabelo sezimali sika 2008



## Siyini Isabelo Sezimali Sikazwelonke?

**Unyaka nonyaka ngoFebruari ungqon-gqoshe wezeZimali wethula izihlelo zikaHulumeni zokusentshenziswa kwemali, ukuqoqwa kwentela kanye namasu okubolekwa kwemali eminyakeni emithathu elandelayo. Lokhu kubizwa ngokuthi Isabelo Sezimali SikaZwelonke. Lokhu kuchaza indlela uhulumeni azimisele ukuqoqa ngayo imali yentela ukubolekwa kwemali. Kubuye kuchaze nendlela lemali ezochithwa ngayo. Isabelo sezimali sikazwelonke sabela imali iminyango kahulumeni kazwelonke, izifunda kanye nomasipala.**

# Sizophumelela

Ukuthuthuka komnotho ezweni lonke kuyehla kanti futhi kuningi okungabazisayo ngezimakethe zezimali zomhlaba. Kulindeleke ukuthi izinga lokuthuthuka komnotho lehle kakhulu uma liqhathaniswa kwiminyaka ukusukela ngoka 2001. Yize umnotho waseNingizimu Afrika uzophazamiseka ngenxa yalokwehla komnotho kumhlaba jikelele, isisekelo sawo sisimeme kanti nezimali zezwe zime kahle. Ukutshalwa kwezimali kuyakhula futhi kubonakala kamhlophe ukuthi umnotho uzoqhubeka ukhule. Konke lokhu kunika ithemba lokuthi sizonqoba.

Lokukukhula komnotho wethu akukaze kubonwe eminyakeni engu50. eminyakeni emihlanu edlule futhi kulinganiswa ukuthi izinga lokukhula lime ku5%. Ukusukela ngoka 2001 sekudaleke imisebenzi elinganiselwa esigidini.


Zimbili izinto ezenza ukuthi uhulumeni akwazi ukuthuthukisa izimpilo zomphakathi ezweni lakithi: ukukhula komnotho nokuphathwa kahle kwezimali zezwe. Lokhu kwenze ukuthi uhulumeni akwazi ukunika abantu izinsiza kwezemfundo, ezempilo, impesheni, kwezezindlu, kwezamaphoyisa, kwezokuthutha kuka wonke-wonke, izitediamu, imigqaqo namajele.

Njengoba umnotho ukhula ngesivinini esingaka zibekhona izingqinamba esihlangabezane nazo. Kuyabonakala ukuthi abanele abantu abanamakhono omsebenzi kanti futhi ugesi nosimende awenele ukuhlangabezana nezinga lokukhula. Enye inkinga ukugcwala kwemigwaqo. Ukuze umnotho ukhule nangaphezulu kwalokhu, kufanele sitshale izimali ekuthuthukisweni kwamakhono, kwingqalasizinda, ekuthengweni kwemishini, emigwaqweni nakwezokuthutha.

Ngenxa yalezi zinqinamba kanye nokwehla kwezomnotho emhlabeni, kubonakala sengathi izinga lokukhula komnotho wethu luzokwehlela kuma 4% ukuya kuma 4½% eminyakeni emithathu elandelayo. Noma lokhu kungaphanzi uma kuqhathaniswa neminyaka emihlanu edlule, kusancomeka ezweni elifana neNingizimu Afrika. Okubalulekile ukuthi sizoqhubeka ngokulungiselela ikusasa ngokutshala izimali.

Isabelo sezimali sika 2008 sizokwabela imali elingene ukwenza ukuthi iningi labantu lihlomule ikakhulukazi labo besilisa abamukela impesheni abaphakathi kweminyaka engu 60 no 64, ukuphucula uhlelo lokondla abantwana besikole nokuqinisekisa ukuthi isimo sezikole nezibhedlela sihle. Okunye okuhlosiwe ngalesi sabelo ukwenza ukuthi labo abangena manzi nezokuthutha indle bathole lezo zinkonzo, kanye nokutshala imali kwezo kuthutha abaningi, ukukhuphula amaholo awothisha nabongikazi, ukunyusa inani labashushusi nomantshi, ukwandisa amajele, ukukhuthaza abantu ukonga ugesi kanye nokunika umfutho kwezohwebo nezinto ezithengiswa ngaphandle kwaleli. Sifuna nokuqikelela ukuthi uhulumeni usebenzela abantu kangcono nokuthi yonke imali esetshenziswayo inomthelela oncomekayo.

Intselelo esibhekene nayo inkulu, kodwa uma sisebenza ngokuzimisela, sithola imiphumela emihle ngokusebenzisa imali futhi sitshala ngokucophelela singaphumelela ukunyusa umnotho wakuleli ngo6%. Noma isisekelo somnotho wethu sisimeme nje, uzobhekana nobunzima eminyakeni emibili ezayo. Wonke umuntu eNingizimu Afrika kuzofanele asebenze ngokuzimisela, futhi kozofanel'ukuthi labo abenza imigomo bacabangisise. Kanjalo isizwe sizophumelela.




## Okusemqoka

**Amazwibela ngesabelo eminyakeni emithathu elandelayo:**

### Amazwibela ngesabelo

- Kongezwe iR12 billione kwezenhlalakahle
- R7.6 billione izibhekana nokwakhiwa kwezingqala-zizinda kwezokuthutha uwonke-wonke, imigwaqo kanye nololiwe
- Ingaphezulu ngoR8.7 billione imali eyabelwe ukwakhiwa kwezindlu, amanzi neminye imesenzi yokwakha
- Yongezwe ngoR2 billione imali yokwakhiwa kwezinkundla ukulungiselela imidlalo yebhola yendebe yomhlaba ka2010
- Kongezwe ngoR6.7 billione imali ezobhekana nesifo sengculazi, izibhedlela nezinye izinhlelo zempilo kanye nezifo zosifuba ezinje nge TB-MDR be XDR
- IR2.5 billione izobhekana nokuphuculwa kwamafemu nezosomabhizinisi abafufusayo.
- iR2.6 billione izosetshenziswa kwezolimo nezinkonzo zenguquko kwezomhlaba
- IR2.7 billione ngaphezulu eyabelwe amalaborathri ezothungatha ulwazi nokongezwa kwabakwasidlodlo
- Ukuwakhiwa kwamajele kwabekwe iR2 billione
- Ezemfundo ephakeme kanye nezokuphanda ulwazi kabanzi kwabelwe iR1.4 bilione.

### Izinhloso ngentela

- Silinganiselwa kuR7.7 bilione isamba semali esusiwe enteleni
- Abaqhashi bazokhuthazelwa ukuthi banike izingane zabasebenzi abahhola kancane umfundaze
- Intela kwizinkampani izokwehliswa iyohlala ku 28 amaphesenti
- Kuzokwenziwa lula ukukhokha nokulawula intela kumabhizinisi afufusayo
- IR5 billione izohlangabezana nokusiza labo abadala imisebenzi efuna abantu abaningi kanye nalabo abaxhaza izaba zikahulumeni mayelana nezokusebenza emafemu
- Imali yokuthenga uphethiloli nodiseli izonyuka ngo 11 senti ilitha ukusuka ngomhla ka 2 Apreli
- Iphakethe likasikilidi elinabangamashumi amabili lizonyuka ngo 60 amasenti
- I bodlela lika wayini elingu 750ml, intengo yalo izokhuphuka ngamasenti ayisishagalombili.
- Ikani likabhiya elino 340ml lizonyuka ngamasenti angu 7.2
- Ibhodlela lika 750ml likagologo lizobiza R2.17 ngaphezulu


# Ukulungiselela imidlalo ka 2010 yendebe yomhlaba yeFIFA

Amalungiselelo emidlalo yebhola yendebe yomhlaba yeFIFA 2010 ayashesha. Sakha izinkundla zemidlalo, izindawo zokuzilolonga kanye nezindawo lapho izethameli zizongcebeleka khona zibuke imidlalo. Siphucula amasu okuthutha iningi labantu. Konke okuphathelene nale midlalo kubhekelwe - amandla kagesi, esokusakaza nezokuxhumana, izindawo ezizohlala abavakashi, ezokuvakasha ukuheha abavakashi emadolobheni kanye nokwenza amadolobha abe mahle. Kuphinde futhi kulungiselelwe okungenzeka kwezempilo nokunye okungase kubange izinkinga. Kuzoqikelelwa nokuthi ezokuphepha nokuqeqesha amavolontiya, ukulungiswa kwezendalo nokukhucula ukungcola, ezokwazisa ngemidlalo nakho konke okuphathelene no2010.

Kwakhiwa izinkundla zemidlalo eCape Town, eJohannesburg, eMbombela, eNelson Mandela kanye naseThekwini. Kuqalwe ngo2006 ukwakhiwa kwalezi zinkundla. Ezinhlanu izinkundla ziyalungiswa ukuze zibesezingeni eliphakeme - zona ziseJohannesburg, eMangaung, ePolokwane, eRustenburg naseTshwane. Lokhu kuqalwe ngo Septemba 2007. ukwakhiwa kwezinkundla sekudale imisebenzi engama 170 000 okwesikhashana. Uhulumeni ubebekele eceleni imali engange R8.4 billione ukwakha nokuphucula izinkundla zemidlalo. Kuyabonakala ukuthi ngenxa yokuncipha kwesikhathi kufanele ukuthi kusheshwe ukulungiselela imidlalo yendebe yeConfederations. Lokhu kusho ukuthi ngoba abakhayo bafanele baqede ngaphambi kwesikhathi ebesibekiwe, izindleko zokwakha zinyukile zongezwa ngoR1.2 billion. Isiyonke imali inyukele kuR9.6 billion

Kufanele ukuthi kongezwe imali ukulungiselela ukuthutha kwabaningi eziphathelene nemidlalo yendebe yomhlaba. Imali ekongezwe ngayo R9 billion

Ngephezu kwalokhu amodolobha azokwamukela le midlalo azothola isamba semali esinguR684 millione ukuhlangabezana nezindleko zokuthwala imidlalo yeConfedaration ngo2009 neyendebe yomhlaba ka2010.



# Ukwengezwa kwemali yezidingo zezenhlalakahle



Bangaphezulu kwezigidi ezingu12 abamukela imali yezenhlalakahle. Imali yezenhlalakahle ihlinzekelwa ukuthi ibhekane nezidingo zalabo abantengantengayo emphakathini - abadala, izingane, abakhubazekile kanye nalabo abangakwazi ukuzisebenzela. Imali ebekelwe impesheni yabadala, imali yabakhubazekile, imali yezingane ezingena bazali kanye nemali yalabo abadinga ukuncedwa.

Eminyakeni eyishumi edlule uhulumeni ubelokhu engeza imali yezenhlalakahle ikakhulukazi kwizingane ezintulayo, ezingenabazali kanye nezingane ezidinga ukunakekelwa. Isabelo sezimali sika 2008 senza iziphakamiso sokuncishiswa kweminyaka yabesilisa abamukela impesheni kuhulumeni isuswa kwiminyaka engu 65. Kusuka manje iminyaka yokwamukela impesheni ngabesilisa sekuzoqala kuminyaka engu 60 njengoba kwenziwa kwabesifazane.

Impesheni yabadala ibaluleke kakhulu ohlelweni lwezenhlalakahle. Kwabaningi abamukela le mali bancike kuyo kuphela ukuthenga ukudla nezinye izidingo ezisemqoka. Ngenxa yalokhu, uhulumeni unqume ukuthi ongeze le mali ngama R69 billion ukwenzela ukuthi abesilisa nabo bahlomule ukusuka kwiminyaka engu60 nje ngabesifazane. Ngoka2008/2009 imali yempesheni izonyukela kuR9,6 billion, okungamaphesenti angu10 emali echithwa uhulumeni.

Lokhu kwenza ukuthi uMzansi Afrika kube elinye lamazwe aphambili ekubhekeleni abadingayo ngemali yezenhlalakahle. Imali yezenhlalakahle inyuke kanje kulonyaka:

- Imali yempesheni nemali yokubhekela izingane ezigcinwe abantu inyuka ukusuka kuR870 ukuya ku R940
- Eyokuxhasa abantwana ikhuphukela kuR210 ukusuka kuR200 ngomhla ka 1 kuApreli 2008 kanti ziobuya ikhphukele kuR220 ngenyanga ngomhla ka1 Oktoba 2008.
- Labo abangena bazali eyabo izinyuka ngo R30 ibe nguR650

Ziningi ezinye izinhlelo zikahulumeni ezisizana nalabo abahluphekile. Izingane ezithola imali yezenhlalakahle azikhokhi mali yesikolo. Izingane ezinabazali abahluphekayo nazo azikhokhi mali yesikole. Zonke izingane ezingaphansi kweminyaka engu6 azikhokhi emtholampilo noma esibhedlela uma zigula, kanti nabo bonke abathola imali yezenhlalakahle bayaxhaswa ezibhedlele uma begula futhi bengenawo umshwalense obhekene nezempilo.

# Ukutshalwa kwemali kumandla kagesi

Abakwa Eskom baneziteshi ezingu26 ezinamandla okukhiqiza 37 761 megawatts (MW) kagesi. Kodwa kungu35 436 MW kuphela osebenzayo, bese kuthi u2 325 asetshenziswe lapho isidingo sinyuke kakhulu.

Ngenxa yokudingeka kukagesi okukhula nsuku zonke, izimboni zikaEskom zikagesi zikwingcindezi enkulu kahulu kanti futhi sezithe nokuguga, lokho kubangela ukuthi ugesi otholakalayo unciphe. Uma kulungiswa izikhumulo eziphakela ugesi zakwaEskom kuvame ukuthi amakhaya nezimboni ziswele ugesi.

## Ukutshalwa kwemali

Uhulumeni uzochitha imali enguR342 billion eminyakeni emihlanu ezayo ukwakha izikhumulo zokuphakwa kukagesi ezintsha ukwenzela ukuthi kunciphe ingwadla yokuntuleka kukagesi lapha eMzantsi Afrika.

**Okuzokwenziwa ngokwesikhathi esifushane**

- Kuzophindwa kuvulwe izikhumulo zikagesi iCamden, Komati ne Grootvlei. Kulezi zihlangene kuzotholakala ugesi olinganiselwa ku3 877 MW
- Kuzophinde kwakhiwe ezinye ezimbili eMossel Bay naseAtlantis. Zombili zizokhiqiza ugesi olinganiselwa ku1 042 MW
- Umkhankaso wokuthola ugesi owaziwa ngokuthi iProject Gas 1 uzokongeza umkhiqizo olinganiselwa ku 1 036 MW

**Ezinye izinhlelo zokwandisa ukukhiqizwa kukagesi:**

- Kuzokwakhiwa Ingula ezokhiqiza ugesi ongu331 MW ngo2012 ufikele ku 993MW ngo2013.
- Kuzokwakhiwa isikhumulo esisha iMedupi eLephalale. Lokhu kuzongeza amandla kagesi alinganiselwa ku 4 788 MW
- Kuzokwakhiwa eProject Bravo ngaseWitbank ezokhiqiza i4 818 MW ukusukela kuJuly 2012 ukuya kuDisemba 2015
- Ipulazi elikhiqiza kusethsenziswa umoya eCape West Coast lizokhiqiza i100 MW izoqedwa ngo2010

Zonke lezi zinhlelo zizonyusa ikhono loMzansi Afrika ngosokubhekana nokukhiqiza ugesi ozonela amakhaya namabhizinisi. Inkinga kagesi ekhungethe isizwe iletha isidingo sokonga nokusebenzisa ugesi ngokucophelela.

